

NguMongameli Dieter F. Uchtdorf
Ikhansela Lesibili KubuMongameli Bokuqala



Gcwalisa Umhlaba ngoThando lukaKristu

Uma sicabanga ngoKhisimusi, sijwayele ukucabanga ngokunikeza nokuthola izipho. Izipho zingaba yingxenywe yosiko oluyigugu, kepha zingase futhi ziphazamise isithunzi salesisikhathi futhi zisiphazamise ekugubheni ukuzalwa koMsindisi ngendlela eqotho.

Ngiyazi ngezehlakalo zami ukuthi okhisimusi abakhumbeleka kakhulu yilabo ababenesizotha kakhulu. Izipho engazithola ngiyingane zazingatheni uma zilinganiswa nezinga lanamuhla. Ngesinye isikhathi ngangithola ihembe elithungiwe noma amagilavu noma amasokisi. Ngikhumbula omunye ukhisimusi owawukhethekile ngesikhathi umfowethu enginikeze ummese wokhuni ayewubazile.

Akuthathi izipho ezibizayo ukwenza ukhisimusi ube oqotho. Ngikhumbula indaba eyashiwo yiGosa uGlen L. Rudd, owayesebenza njengelunga labangamaShumi ayisiKhombisa kusukela ku-1987 kuya ku-1992. Ngolunye usuku ngaphambi kukaKhisimusi eminyakeni embalwa edlule, ngesikhathi ephethe inqolobane kabhishobhi, wafunda kumholi oyikholwa ngomndeni owawusosizini owawusanda kufika edolobheni. Ngenkathi eya ukuyovakashela indawo yabo yokuhlala encane, wathola umama osemusha owayengayedwa nezingane ezine ezazingaphansi kweshumi ngeminyaka.

Izidingo zomndeni zazinkulu kangangokuthi umama wayengakwazi ukuthengela izingane zakhe izibiliboco noma izipho ngalowokhisimusi—wayengakhoni ngisho ukuthenga isihlahla. Umfowethu uRudd waxoxa

nomndeni wathola ukuthi amantombazane amancane amathathu ayengathanda unodoli noma isilwane esigxishiwe. Ngesikhathi esebuza umfana owayenemiyaka eyisithupha ukuthi wayefunani, umfanyana owayelambile waphendula, “ngingathanda indishi yomdokwe.”

Umfowethu uRudd wamthembisa umfanyana umdokwe kanye nokunye mhlawumbe. Wase eya kwinqolobane kabhishobhi wabutha ukudla nezinye izimpahla ezizosiza ngezidingo ezisempoka zomndeni.

Ekuseni ngalelolanga, oNgcwele weziNsuku zokuGcina wayemunike amadola angu-50 “emnikezela umuntu ososizini.” Esebenzisa lowo mnikelo, umfowethu uRudd waqoqa abantwana bakhe abathathu baya kothengela ukhisimusi—abantwana bakhe bekhethela abantwana ababesosizini amathoyizi.

Emuva kokulayisha imoto ngokudla, yizingubo, yizipho, yisihlahla sikaKhisimusi, futhi nangemihlobiso, abakwaRudd bashayela baya endaweni lapho kuhlala khona umndeni. Lapho, basiza umama nabantwana belungisa isihlahla. Base bebeka izipho ngaphansi kwaso futhi bapha umfanyana iphakethe elikhulu lomdokwe.

Umama wakhala, izingane zajabula, futhi bonke bacula iculo likaKhisimusi. Ngalobobusuku ngesikhathi umdeni wakwaRudd uhlanganyela isidlo sakusihlwa, wanikeza ukubonga ngokuba wakwazi ukuletha injabulo kaKhisimusi komunye umndeni futhi wasiza umfanyana athole indishi yomdokwe.¹

UKristu noMoya wokuNikela

Cabanga ngendlela elula kepha enesithunzi uBaba oseZulwini akhetha ngayo ukuhlonipha ukuzalwa kweNdo-dana Yakhe. Ngalobobusuku obungcwele, izingelosi zavela hhayi kwabacebile kepha kubelusi. Umntwana onguKristu akazalelwanga esithabathabeni somuzi kepha emkhombeni. Wayengambathiswanga ngezingubo eziphambili kepha ngezokusonga.

Ukujwayeleka kwalowo Khisimusi wokuqala kwabona-kalisa ngaphambili impilo yoMsindisi. Noma wayedale umhlaba, ehambe embusweni yobukhosi nodumo, futhi eme esandleni sokudla sikaBaba, weza emhlabeni njengengane enganakuzisiza. Impilo Yakhe yayiyisibonelo sobukhosi obuthobekile, futhi Wahamba phakathi kwabampofu, abagulayo, kwabalahlweyo nababethwele kanzima.

Noma Wayeyinkosi, Wayengenandaba nokuhlonishwa nengcebo yabantu. Impilo Yakhe, amazwi Akhe, kanye nokuzikhandla Kwakhe kwansukuzonke kwakungubufakazi besithunzi esijwayelekile kepha esihloniphekile.

UJesu uKristu, owabe azi kahle ukuba kunikelwa kanjani, wasibekela indlela yokunikela. Kulabo izinhliziyiyo zabo ezisindwa isizungu nosizi, Uletha uzwelo nenduduzo. Kulabo abanemizimba nezingqondo ezihlushwa ukugula nokuhlupheka, Uletha uthando nokulapheka. Kulabo imiphefumulo enomthwalo wokona, Uletha ithemba, uxolo nensindiso.

Uma ngabe UMsindisi engaba nathi namuhla, singamthola lapho Ayehlezi Ekhona—efundisa abazothile, abalahliwe, abazithobile, abaxakhekile, nabampofu ngokomoya. Kulenkathi kaKhisimusi nanjalonjalo, asinikele kuYe ngokuthanda njengoba Ethanda. Masikhumbule isithunzi esinokuzotha sokuzalwa Kwakhe, izipho, nempilo. Futhi, ngemisebenzi ejwayelekile yomusa, yesihe, nozwelo, masigcwalise umhlaba ngokukhanya kothando Lwakhe namandla ensindiso.

AMANOTHI

1. Bona uGlen L. Rudd, *Pure Religion: The Story of Church Welfare since 1930* (1995), 352–53; bona futhi uGlen L. Rudd, “A Bowl of Oatmeal,” *Church News*, Disemba. 2, 2006, 16.

UKUFUNDISA OKUVELA KULOMLAYEZO

UMongameli Uchtdorf ufundisa ukuthi kumele silandele isibonelo sikaMsindisi sokunikela. Cabanga ngokucela abantu obavakashelayo ukuba bashintshane ngokubala isipho uMsindisi abanikeze sona, futhi xoxani ngokuthi bangasisebenzisa kanjani lesi sipho

ukusiza abanye. Njengesibonelo, uma ilunga libusi-siwe ngokuqeqeshwa emculweni, lingaya ukuyoculela abanye omakhelwane amaculo kaKhisimusi. Ungacela ukuguqa uthandaze nalabo obavakashelayo, ucele ukwembulelwa ngokuba yiziphi izipho eningabelana ngazo, ningabelana kanjani ngazo, futhi ningabela bani? Landela noma yikuphi ukwembulelwa okutholayo

INTSHA

Funda kwiZehlakalo zaBanye

UMongameli Uchtdorf ukhuluma ngezehlakalo eze-nzeka kuye uma efundisa ukuthi “okhisimusi abakhumbuleka kakhulu yilabo ababenesizotha kakhulu.” Singafunda okuningi kubantu abadala, abantu abadala abaningi baphile ezikhathini zempi, zokungasebenzi, zokugula, noma ezinye izinkinga. Cela abantu abadala ewadini noma egatsheni lakho ukuba bakutshele ngoKhisimusi wabo oqotho kakhulu. Ungabhala phansi izindaba zabo. Zama ukufunda kwizibonelo zabo ngokugxila kuloKhisimusi ekunikezeni ukusebenza okuvela enhliziyweni nasekukhumbuleni uMsindisi.

IZINGANE

Izipho eziphuma kuJesu Kristu

Abanye abantu basebenzisa isihlahla sikaKhisimusi ukugubha ukuzalwa kukaJesu Kristu. Ngesinye isikhathi abanye babekela abanye izipho ngaphansi kwesihlahla. Yiziphi izipho uMsindisi akunikeze zona wena? Dweba isihlahla sakho sikaKhisimusi nezipho ezinhlanu ngaphansi kwaso. Funda imibhalo engcwele engezansi usebenzise imibhalo ukutshengisa isipho ngasinye sombhalo ongcwele ngamunye. Unganikeza uJesu izipho ngokuthola izindlela zokusiza abanye.

Amahubo 33:6

Johane 14:27

Johane 15:9

2 Nefi 2:8

3 Nefi 15:9

© 2014 ngo Intellectual Reserve, Inc. Wonke amalungelo agciniwe. Kushicilelwe e-USA. Isingisi esivunyelwe: 6/14. Ukuhumusha okuvunyiwe: 6/14. Ukuhumushwa ko *First Presidency Message, December 2014*. Zulu. 10872 783



Umsebenzi Ongcwele kaJesu Kristu: INkosi yoXolo

Ukholo • Umndeni • Inkululeko

Ngomkhuleko funda lemibhalo futhi ufune ukwazi ngalokho ongabelana ngakho. Ukuqonda impilo kanye nomsebenzi woMsindisi kungakhulisa kanjani ukholo lwakho kuYena futhi kubusise kanjani labo obaqaphile ngokufundisa ngokuvakasha. Ukuthola ulwazi oluningi ngalokhu, iya kureliefociety.lds.org.

Lena ingxenywe yemilayezo elandelanayo yeMlayezo Yokufundisa Ngokuvakasha ephathelene nomsebenzi woMsindisi.

“UMsindisi yisizinda sokuthula okuyiqiniso.” Kwasho iGosa uQuentin L. Cook womGwamanda wabaliShumi namBili. “Noma kungaba nezinkinga zempilo, ngenxa yeNhlawulo kaMsindisi nomusa Wakhe, ukuphila ngokulunga kuyoklonyeliswa ngokuthula kumuntu ngamunye.¹ Ukuqonda ukuthi uJesu Kristu uyinkosi yoXolo kungasisiza ukuba sithole ukuthula kwangaphakathi futhi sinyuse ukholo kuYe.

UJesu Kristu wathi: “Lezi zinto ngizikhulume kini, ukuba kimi nibe nokuthula. Emhlabeni niyakuba nosizi, kephi yibani nentokozo, mina ngiwunqobile umhlaba” (Johane 16:33). Ethula ubufakazi ngaleloqiniso, uLinda S. Reeves, ikhansela lesibili kubumongameli jikelele beNhlangothi Yabesimame Yenkululeko, wathi: “INKosi ibe nomusa kimi futhi

Yangisiza ukuba umthwalo wami ube lula. Ingisize ukuba ngizwe ukuthula okukhulu.”²

IGosa uRichard G. Scott womGwamanda wabaliShumi namBili wafundisa: “Indawo ekulungele kakhulu . . . ukuxola yingaphakathi kwezindonga zamakhaya ethu, lapho sesenze konke esingakwenza ukwenza inkosi uJesu Kristu ibe semqoka.”³

Eminye imibhalo eNgcwele

Isaya 9:6; Luka 2:14; Johane 14:27; 1 Nefi 13:37; IMfundiso neziVumelwano 59:23

Kuvela embhalweni Ongcwele

U-Isaya wabikezela ngokuzalwa kukaJesu Kristu, inkosi yoXolo (bona u-Isaya 9:6). EMelika, uSamuweli umLamani washo ngezimpawu ezazizohambisana nokuzalwa kukaKristu eminyakeni emihlanu ezayo (bona uHelamani 14:3, 5). Ngesikhathi usuku olwalubikezelwe lusondela, ababengakholwa basongela

ukubulala wonke amaKristu uma lezi zimpawu zingenzeki. Umphrofethi uNefi “wakhala kakhulu enkosini ngalo lonke lolo suku; futhi bheka, izwi leNkosi lafika kuye lithi: . . . Kusasa ngizakufika mina emhlabeni” (3 Nefi 1:12–13). Izimpawu zavela, futhi ngokuzalwa kukaKristu, “abantu baqala futhi ukuthi babe nokuthula ezweni” (ivesi 23).

EBetlehema, uMariya “wazibula ngendodana yakhe yokuqala, wayembesa ngezinguqubo zokusonga, futhi wayilalisa emkhombeni” (Luka 2:7).

AMANOTHI

1. Quentin L. Cook, “Personal Peace: The Reward of Righteousness,” *Liahona* Meyi 2013, 35.
2. Linda S. Reeves, “Claim the Blessings of Your Covenants,” *Liahona*, Nov. 2013, 120.
3. Richard G. Scott, “For Peace at Home,” *Liahona*, Meyi 2013, 29.

Cabanga Ngalokhu

UMsindisi ukuletha ngaziphi izindlela ukuthula empilweni yakho?